basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2016

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu inamakhasi ayi-17.

ISIQEPHU A: INOVELI

KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

UMBUZO 1

ISIQESHANA A

1.1 Induna√ / uNgobese.√ (1)

1.2 Isitimela.√ (1)

1.3 Izindaba zokuthi ukhushulelwe esikhundleni sokusebenzisa umshini ongasemnyango omncane ophumela emahhovisi ezinduna emsebenzini.√√ (2)

1.4 Bakholelwa ukuthi iyaxoshisana emsebenzini.√√ (2)

1.5 C√/ Ukukhululeka√ (1)

1.6 UDoda√ ngoba uvela kancane maphakathi nendaba bese eyanyamalala√ / Indaba ibingaqhubeka ngaphandle kwakhe. √ (2)

1.7 ... uManyoba uxoxa noDoda umfowabo abakhonzene kakhulu ngisho nangasemakhaya abehlukani, amathe nolimi.√√ (2)

1.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayehlose ukuziphindiselela kubantwana bakhe ngokungabaphathisi okwabazali babo.√√/
- Wayefuna ukubafundisa isifundo ngenxa yokungabanakekeli. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Wayefuye izinkomo.√/
- Abantu babesebenza emapulazini abelungu.√/
- Uma beyokweshela babehamba amabanga amade.√
- Babelobola ngezinkomo zoboya.√/
- Babegqoka imvunulo yesiZulu. √/
- Babenodedangendlale bamasimu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

1.10 1.10.1 UMduduzi

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Unenhliziyo enhle.√/
- Uyamlalela unkosikazi wakhe.√/
- Unozwelo ngabazali bakhe.√/
- Akanaso isibindi sokumela imibono yakhe. √/
- Uyakwazi ukuzisola uma enze iphutha. √ (2)

1.10.2 UFanyana

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Akanaso isibindi sokumela into akholelwa kuyona√/
- Wayenozwelo, engahambisani nokuba abazali babo behlukaniswe. √/
- Wayehlulwa ngunkosikazi wakhe.√
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

[20]

KANYE

ISIQESHANA B

1.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayethi bahlala kude kakhulu.√/
- Abazukusithola isikhathi sokuza ekhaya nyanga zonke.√/
- Wayekhala nangemali ababezoyimosa kuphethiloli beza ekhaya.√/
- Wayefuna ukuba babe semehlweni abo ukuze baqinisekise ukuthi abalambile. √ (2)

1.12 uBheki√ noMduduzi. √ (2)

1.13 Indikimba - **Inhlalo yomndeni**√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Izinkinga abahlangabezana nazo abantu abadala ekukhuleni kwabo uma izingane zabo zingasabanakile.√/
- Ukukhuluma ngokungalilahli ithemba nanxa izimo sezinzima emndenini.√/
- Ukuziphatha kwabantu besilisa abasebenza kude nasemakhaya abo okugcina sekulimaza nomndeni.√
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

noma

Indikimba - **ukuhlalisana kwabantu**.√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Impilo kaManyoba ngesikhathi esebenza eGoli wayenobudlelwane obuhle nezinsizwa ayehlala nazo ehositela. √/
- Ukusizwa kukaManyoba noMaNdlovu ngumfundisi ngesikhathi ehlangana nabo eMnambithi. √
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi (2)

1.14
- Ukuphikisana kwamadodana kaManyoba mayelana nokuhlukaniswa kwabazali.√
- Ukuphoqwa kukaMduduzi noFanyana ekutheni bahambisane noBheki noMjwayeli esinqumeni sokuhlukanisa abazali.√ (2)

1.15 Imibono iyokwehluka:
OKUTHATHU kwalokhu ngohlangothi ngalunye:
Abavumayo:
- Kwenza ukuthi abazali bangabi umthwalo ezinganeni zabo.√/
- Kunikeza izingane isikhathi esiningi sokwenza imisebenzi yazo.√/
- Kwenza abazali banakekeleke kangcono babe nabantu ababahekile ngaso sonke isikhathi.√/
- Kwenza bavikeleke ekuhlukunyezweni. √

Abaphikayo:
- Kuphambene nesiko lesintu.√/
- Akukhombisi ubuntu.√/
- Abazali bangazibona bengabantu abalahliwe/abanganakekelwa/ abangabalulekile/abangumthwalo.√/
- Kungenza ukuthi bungabi khona ubudlelwane phakathi kogogo nomkhulu kanye nabazukulu babo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

1.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ngangingamvumela athandaze noma ngabe yinini.√/
- Ngangingamupha ukudla nsuku zonke.√/
- Ngangingakhululeka ngobudlelwane bakhe nomzukulu.√/
- Ngangingamkhulula azenzele ukudla ngokuthanda.√/
- Ngangizomfundisa ukusebenzisa umshini wokuwasha ukuze akwazi ukuziwashela izingubo zakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.17 Umbono, ngoba umakoti kaMduduzi wayezimisele ukubemukela abazali bomyeni wakhe. Wayengenankinga ngokuhlala nomamezala.√√ (2)
[15]

UMBUZO 2

UMSHADO – N Zulu

ISIQESHANA C

2.1 Amalungiselelo omshado kaBhekani noTholakele.√ (1)

2.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayengabuqondi ubudlelwane babo noTholi.√√/
- Wababona bebambana noTholakele begeza.√√/
- Wayesolwa ngokushushumbisa izidakamizwa uPamella.√√/
- Wayengaqondi ukuthi le ntombazane yomlungu evakashela umuntu omnyama iyisimakanjani. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.3 Wayesaba ukuthi uTholakele uzozwa ukuthi kukhona uLindiwe kubo.√√ (2)

2.4 Izithukuthuku √ (1)

2.5 C√/Ukudideka√ **noma** B√ /Ukwethuka√ (1)

2.6 OKUKODWA kwalokhu:
- Ubani lo ovakashele kini Bheki?√√/
- Sengathi ngiyayazi le ntombi engiyibone kini izolo Bheki√√/
- Wethuswa ukuzwa ukuthi kanti uSifiso wayazi ukuthi kukhona uLindiwe.√√/
- Akusiye uLindiwe. √√ (2)

2.7 OKUKODWA kwalokhu:
- Wayezolanda uBhekani.√√/
- Wayezofuna uBhekani. √√/
- Wayezothatha uBhekani ngemoto. √√ (2)

2.8 Indikimba yenoveli: **Ubugebengu** √
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umbhali ufuna ukusitshela ukuthi ubugebengu abukhokheli.√/
- Umbhali uzama ukusiqwashisa ngokwanda kwezindlela zobugebengu esikhathini sanamuhla.√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

noma

Indikimba yenoveli: **Uthando** √
- Iphuzu ELILODWA kwalandelayo
- Uthando lweqiniso alunamibandela, luyabekezela. √/
- Uveza ukubaluleka kokuthi umuntu noma ungamthanda kangakanani kodwa kumele umazi kahle ngaphambi kokumshada. √/
- Ukubaluleka kokulalela iziyalo uma uboniswa. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

2.9 2.9.1 UZenze : Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Unobugebengu ngoba wayehlangene noTholakele noPamela ekudayiseni izidakamizwa, ukusabalalisa imali yomgunyathi. Waqola noBhekani futhi.√/
- Uyiqili, wathatha imali yelobolo wangayihambisa kubo kaTholakele.√/
- Akathembekile ngoba wakhohlisa uBhekani ethi kufuneka enye imali yelobolo.√ (2)

2.9.2 ULindiwe: Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uzithobile futhi unothando lweqiniso.√/
- Uyakwazi ukuxolisa uma enze iphutha abuye axolele naye.√/
- Uyakwazi ukubekezela.√/
- Uyakwazi ukuhlonipha abanye abantu. √/
- Akawuhloniphi umsebenzi, uyawushiya ayohlala kubo kwesoka lakhe. √/
- Akaziphethe kahle ngoba wathola ingane engashadile. √ (2)

2.10 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Sekukhona imijondolo.√/
- Sekukhona izidakamizwa.√/
- Abantu bobulili obufanayo sebekwazi ukuba nobudlelwane ngokukhululeka.√/
- Abantu abalesabi ihlazo, uTholi uqoma nenzilo.√/
- Kwande ubugebengu.√/
- Kunerenki yamatekisi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)
[20]

KANYE

ISIQESHANA D

2.11 Awadlali amadlozi alapha ekhaya. √√/Uma idlozi limcasukele kakhulu mfana wami ngeke nishade ngisho ukushada kodwa lokhu.√√ (2)

2.12
- Kwaqhamuka uBhatomu ehamba ngemoto nabalisa ababili, waphoqa uBhekani ukuba angene emotweni.√
- UBhekani wenqaba ukungena emotweni, bahilizisana ngamazwi wagcina esekhiphe ummese uBhatomu efuna ukugwaza uBheki. Balwa kwaze kwangenelela izinsizwa.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

2.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uthandana namantombazane amabili ngesikhathi esisodwa.√/
- Wakhulelisa uLindiwe bengashadile, ebe esathandana noTholakele.√/
- Wayeshiya uLindiwe endlini aye kuTholakele.√
- Waqhubeka nokulobola uTholakele yize esazi ukuthi uLindiwe ukhulelwe ingane yakhe.√/
- Wayethandana namanye amantombazane engenayo inhloso yokuwathatha. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

2.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayembonisa emexwayisa ezintweni eziningi.√/
- Wamxwayisa ngobungozi bukaBhatomu.√/
- Wamxwayisa ngobungozi bokushada noTholakele.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.15 Imibono iyokwehluka:

Abavumayo - Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ngangizokujabulela ngoba:
- Ngangingeke ngisamlobola uTholakele ngoba wayevele eselotsholiwe. √/
- Wayemuhle uTholakele.√/
- Wayekwazi ukuzizamela imali.√/
- Ngangizobe ngilandela isiko ukuze ngivuse umuzi womfowethu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

Noma

Abaphikayo - Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ngangingekujabulele ngoba:

- UTholakele wayengaziphethe kahle.√/
- Wayenobugebengu.√/
- Wayedla izidakamizwa.√/
- Wayengawuhloniphi umuzi ayezogana kuwona. √/
- Wayengafundile esebenza efemini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Wayeyoqhubeka nokuhlushwa amaphupho kayise.√/
- Wayezophelelwa isithunzi emphakathini.√/
- Wawuzoxoveka umndeni wakhe.√/
- Wayezofaka impilo yakhe engozini.√/
- Wayezoqhubeka alahlekelwe yimali ngenxa yobugebengu bukaTholakele. √/
- Wayengagcina eboshiwe naye. √/
- Wayezohlala elandelwa amaphoyisa, angakutholi ukuphumula. √/
- Babezoxabana uma esemtshela ukuthi akehlukane nemikhuba yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

2.17 Umbono, ngoba omakhelwane balamula ngesikhathi uBhatomu elwa noBhekani.√√/ Udlame olutholakala eNyawushane lwalususwa nguBhatomu, owayengahlali khona eNyawushane. √√ (2)

[15]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 3

ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

ISIQESHANA E

3.1 UDuma√ noMbandlwa.√ (2)

3.2 Indlela yokubusa ngentando yeningi.√ (1)

3.3 D√/ Asebemkhothamela√ (1)

3.4 Kwakumele kwenziwe ucwaningo ngosikompilo lwama-Afrika.√√ (2)

3.5 Into engenamsebenzi walutho√√/engenasithunzi.√√ (2)

3.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umqondo wokuthi abantu besifazane bayakwazi ukudala uxolo.√√/
- Kubalulekile ukuthi abantu besifazane babe yingxenye yezinqumo eziphathelene nokubuswa kwezwe.√√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.7 Wayefundele ukuba nguthisha.√ (1)

3.8
- Wayengeke atshelwe nguthishanhloko ongumfokazana.√/
- Kwakungeke kulunge ukuba adelelwe izingane zabafokazana.√/
- Wayengeke abe yinkosikazi yeNkosi egcwele uma efundisa.√ (3)

3.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMaShezi wethuka, wagcina ehambile, wamshiya uDuma, waya kubo.√/
- Waqala ukuphikisana nombono kaDuma wokungayihloniphi inkosi.√/
- Wanyenya waya kuMaNgema wayoqala izingxoxo zokuthula.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kubalulekile ukuthi abantu abasezikhundleni basebenzisane futhi bahloniphane.√/
- Udlame alwakhi.√/
- Likhulu iqhaza elibanjwe abantu besifazane emphakathini.√/
- Umbuso wentando yeningi ungasebenzisana ngempumelelo nobuholi bendabuko.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.11 NguDuma. √ Iphuzu ELILODWA kwalandelayo: (1)
- Umdlalo ungaye kusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekupheleni kwawo.√
- Ufuna ukuletha intuthuko emphakathini kodwa unenkinga yokungaboni ngaso linye nenkosi.√
- Udweshu oluningi endabeni luthinta yena siqu sakhe. √ (1)

[20]

KANYE

ISIQESHANA F

3.12 Ukushaywa ingozi ekhanda yinduna uDlamini ngesikhathi bebambe umhlangano esikoleni√. (1)

3.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Abantu baqembukelana phakathi.√√/
- Kwaba nodlame emphakathini.√√/
- Kwashona abantu.√√/
- Kwasha imizi yabantu.√√ (2)

3.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ukudelela kwekhansela ngokubiza umhlangano lingazange liyazise inkosi.√/
- Ukungaqeqeshwa kwamakhansela ukuba aphathe ngendlela efanele.√/
- Ukuboshwa kwenduna uDlamini.√ (1)

3.15 Uvuthondaba siluthola esigamekweni lapho kubizwe khona imbizo, kufundwa umyalezo wenkosi, okwaphetha ngokuba kwakheke uxolo esizweni.√√ (2)

3.16 Imibono iyokwehluka
uMbandlwa.√ NOKUBILI kokulandelayo:
- Nguye owayehlohla uDuma ukuba angathathisi enkosini uma ezoba nemihlangano.√/
- Wayengenazo izeluleko ezakhayo.√/
- Wayefuna ukufeza izinhloso zakhe ngoDuma.√/
- Wayenamagqubu nenzondo.√

NOMA

uDlamini.√ NOKUBILI kokulandelayo:
- Wayezithatha ngolaka izinto. √/
- Wayekholelwa ekuxazululeni izinkinga nodlame.√/
- Washaya uMbandlwa emhlanganweni.√/
- Wayedabula amaphepha anezaziso zomhlangano.√

NOMA

uDuma.√ NOKUBILI kokulandelayo:
- Wayengayihloniphi inkosi. √/
- Wayebiza imihlangano yomphakathi ngenkani nakuba inkosi yayisinqumile ukuthi ayihambisani nayo. √/
- Wayebukela phansi ubuholi bendabuko. √ (3)

3.17 Umbono. OKUKODWA kwalokhu:
- Ngoba uDuma wayefundile kodwa ethatha izinqumo ezixova umphakathi.√√/
- Ngoba inkosi uShandu wayengafundile kodwa ecabangisisa ngaphambi kokuthatha isinqumo njengoba enza kuDuma noMbandlwa.√√ (2)

3.18 3.18.1 C√/ Libhebhethekisa udlame√

3.18.2 D√/ Intando yeningi√

3.18.3 A√/ Ubuholi bendabuko√

3.18.4 B√/ Awayibeki impohlo esikhundleni√ (4)
[15]

UMBUZO 4

ISIKO NELUNGELO – N Zulu

ISIQESHANA G

4.1 Bangabandawonye/Bangosisi.√ (1)

4.2 Indaba yokugwazwa kukaDumisani.√√ (2)

4.3 Wayizwa ngoMaMbatha.√/ Wayizwa ngabantu uMaMbatha ayeyaleza kubo.√ (1)

4.4 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Waduba wahamba emzini engashongo.√/
- Wayephendula kabi umamezala.√/
- Walimazisa uDumisani.√/
- Wazama ukubulala uDumisani ngoshevu.√/
- Wabikela abazali bakhe ukuthi akafuni ukungenwa uDumisani. √ (3)

4.5 D√/ Isu elibi engangilicabangile.√ (1)

4.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayehlonipha isiko.√√/
- Wayengasenazo izinkomo ayezozibuyisela abakwaZungu.√√/
- Wayesaba ihlazo lokuthi ingane yakhe yehlulwe umendo.√√/
- Wayesaba ulaka lwabaphansi ngoba uThenjiwe wayekhishwe ngembuzi ukuba ayogana kwaZungu. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.7 OKUKODWA kwalokhu:
- Ungavumi uyezwa?√√/
- Ungavumi ngisho kuthiwa bazama ngaliphi isu.√√/
- Kunini ngibatshela ukuthi izikhathi zamalungelo zithi umuntu ukhululekile ukwenza akuthandayo?√√. (2)

4.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayesenenzondo ngoDumisani.√√/
- Wayenamahloni ngesenzo asenza.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.9 OKUKODWA kwalokhu:
- Sengimenze wakhubazeka√√/
- Sengimenze isixhwala√√/ inkubela.√√/ *'isidalwa'*√√ (2)

4.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Izimpendulo zingaveza lokhu:
- Ukushayisana phakathi kwesiko nelungelo kungaba nemiphumela emibi.√/
- Kuyingozi ukuhlukumeza umakoti emzini.√/
- Kubalulekile ukuthi abafelokazi banikezwe ithuba lokuzikhethela umuntu abafisa ukumgana. √/
- Kubalulekile ukuhlonipha amalungelo abesilisa nabesifazane ngokulinganayo.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

4.11 UThenjiwe,√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umdlalo ungaye kusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekupheleni kwawo.√/
- Nguyena obhekene nenkinga yokuganiswa. √/
- Nguyena olwela ilungelo lakhe lokuzikhethela.√/
- Udweshu oluningi olusendabeni luthinta yena siqu sakhe. √ (2)

[20]

KANYE

ISIQESHANA H

4.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wathi ugogo usebanjwe nguThenjiwe ukuba ashone.√/
- Wathi uyoshona mhlazana uThenjiwe wavuma ukugana uDumisani.√ (1)

4.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Akabange esakuthola ukujabula empilweni yakhe.√/
- Waba nesizungu, wafuna ukubuyela kubo lapho ezalwa khona.√/
- Abasemzini bamphoqelela ukuba angenwe uDumisani. √/
- Kwaba nokungezwani phakathi kwakhe noyise kanye nabasemzini.√ (1)

4.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uthi uMaMbatha nguyena owenza ukuthi uThenjiwe abe nenkani.√/
- Ugxambukela ezindabeni zakwaZungu.√/
- Akameluleki kahle udadewabo, umfunza izindaba zamalungelo.√/
- Ukhuluma ngendlela engenanhlonipho noMaMbatha. √ (2)

4.15 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- USipho wamelekelela eshaywa nguDumisani.√/
- Wayemlalela uma ekhuluma ngezinkinga anazo.√/
- Wayemnika izeluleko ezakhayo.√/
- Wameluleka ukuba avume okushiwo ngabasemzini.√ (3)

4.16 Ukuthi uThenjiwe avume ukugana uDumisani.√√ (2)

4.17 Umbono, ngoba wonke umuntu unelungelo lokuzikhethela okumele akwenze ngempilo yakhe.√√

NOMA

Iqiniso, ngoba isiko liyavumelana nokungenwa kukamakoti. √√ (2)

4.18 4.18.1 D√/ Umfowabo kaSikhumbuzo√

4.18.2 C√/ Indodakazi kaMondise√

4.18.3 B√/ Ushadele kwaZungu√

4.18.4 A√/ Umngane kaThenjiwe√ (4)
[15]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

UMBUZO 5: INGODUSO – S Bhengu

ISIQESHANA I

5.1 5.1.1 NgeyakwaNgwane√ (1)

5.1.2 Esokuthandana nokuvuma ukuthi bashade.√ (1)

5.1.3 OKUKODWA kwalokhu:
- Lukhulu uchuku olungasuka uma engahlangana nalezi zinsizwa ngoba zingabantu abathanda ukulwa√√/
- Yayingagcina iphoqelekile ukuba idonse izulu lezandla kumane kuchitheke gula linamasi. √√/
- Yayimbanga nezinsizwa eziningana uNokwazi endaweni. √√ (2)

5.1.4 C√/Ilanga lishisa.√ (1)

5.1.5 Wayeboshelwe icala lokweba imali √√ (2)

5.1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umxoxi usebenzisa isivumelwano senhloko u-Ngi.√/
- Uyingxenye yezinto ezenzeka endabeni.√/
- Uxoxa ngaye uqobo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.1.7 Izulu lezandla√ (1)

5.1.8 OKUTHATHU kwalokhu:
- USipho uphaphama elele phezu kwethuna.√/
- Usizwa umkhwe nosibali wakhe.√/
- UNokwazi wayengekho eduze kwakhe.√/
- Wabona imali yamaphepha igcwele phezu kwethuna.√ (3)

5.1.9 Imibono iyokwehluka.
OKUKODWA kwalokhu
- Ngangiyohamba ngingaphinde ngibuye.√√/
- Ngangiyothatha imali yami ngihambe.√√/
- Ngangiyohlawula ingane yami, ngihambe nayo ngiyozondlela yona. √√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

5.1.10 Yiqiniso.
Yize ayesenyamalele iminyaka emibili kodwa akakhohlwanga ukubuya ezofeza isithembiso ayesenze kuNokwazi.√√ (2)
[17]

KANYE

5.2 **MHLA LIDUMA LADUMA – MJ Mngadi**

5.2.1 SaseNyukhasela. √ (1)

5.2.2 NguNoziphepho. √ (1)

5.2.3 Eceleni kwayo kwakunemithwalo, ipotimende nesikhwama.√√ (2)

5.2.4 OKUKODWA kwalokhu: Yathi inosizi ngoba:
- Nayo ibalekile emzini ngoba indoda seyinesithembu/ iganwe ngomunye unkosikazi.√√/
- Indoda yayiyephuce ingane yayo. √√ (2)

5.2.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayeyibekele ukuyokhombisa unkosikazi wakhe uNoziphepho ukuthi baphila kanzima kanjani nengane.√/
- Wathi uthando lwengane yakhe lolu.√/
- Wayefihle amadayimane.√ (2)

5.2.6 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Sekukhona ubugebengu bokuntshontsha amadayimane√/
- Ezokuthutha sezithuthukile sekukhona izitimela.√/
- Kukhona amaphoyisa asephenya ngendlela enobuchwepheshe.√/
- Sekudlalwa izigingci. √/
- Sekukhona osonhlalakahle. √/
- Sekukhona ozankosi. √ (3)

5.2.7 Kwaba lula ukuba aboshwe uLaduma ngoba babengabaseshi.√√ (2)

5.2.8 Ukusifundisa ukuthi akukho qili lazikhotha emhlane/ayikho impunga yehlathi, ubugebengu noma ungabufihla kanjani bugcina buvele obala.√√ (2)

5.2.9
- Kungabeka impilo yengane engcupheni.√
- Kungahlukumeza ilungelo lengane.√
- Ingane ingakhula yazi impilo yobugebengu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)
[18]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga noJJ Thwala

UMBUZO 6

6.1 Ngiyogiya Ngiqephuze – NL Luthuli

6.1.1 Ukuphumelela ezifundweni zayo.√ (1)

6.1.2 Imbongi ithi:
- Uma isiphumelele ezifundweni zayo, iyobe isijabula ngoba iyobe seyazi izinto eziningi abanye abantu abangazazi.√
- Iyobe seyinolwazi njengabanye asebephumelele, asebenemisebenzi ebonakalayo. √
- Iyokwazi ukubhekana nezinto ezinzima. √ (3)

6.1.3 Ibhobhodleyana√ (1)

6.1.4 Ngiyogiya ngiqephuze√ (1)

6.1.5 Sengiphumelel' ukufez' ezeminyak' izifiso√/Umugqa wesi-4.√ (1)

6.1.6 OKUKODWA kwalokhu:
- Imbiza isetshenziselwa ukupheka, ngakho-ke osuke esesikhungweni semfundo usuke ephekwa naye aphume eseqeqeshekile.√√/
- Imbiza inkulu yingakho isikhungo semfundo ephakeme sibizwa ngayo ngoba iphakela abafundi abaningi.√√ (2)

6.1.7 OKUKODWA kwalokhu:
- Imbongi lapha isethulela umyalezo ngobunzima bokufunda kodwa iyazi ukuthi uma isiphumelele iyojabula.√√/
- Ikhuthaza abafundi ukuthi babekezele baqhubeke nokufunda yize kunzima noma kuthatha isikhathi eside.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

6.1.8 Imbongi ithi kuyokwenzeka lokhu okuhle uma isizuze iziqu zemfundo:
- iyothokoza, √
- igiye, √
- kukikize omama.√ (3)

6.1.9 Uma isizuze iziqu abesimame bayobe bememeza kakhulu ngamaphimbo abo amnandi bebonga ukuphumelela kwayo.√√ (2)

6.1.10 Ukugqamisa/ ukusivezela indlela eyojabula ngayo uma isiphumelele.√ (1)

[17]

KANYE

6.2 **Lobu Bungani Ngiyabuhlonipha – PB Dlamini**

6.2.1 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
Iqiniso√/uthando√/uQiniso√/uThembeka√/uNoluthando√ (2)

6.2.2 OKUKODWA kwalokhu:
- Maye itshe ukuzibuyisa.√√/Umugqa wama-20.√√

noma

- Imfihlo yakho uQiniso uThembeka uNoluthando. √√/Umugqa we-16.√√

noma

- Kungumqansa ukubuyisa lezi zithandani. √√/Umugqa we-19.√√ (2)

6.2.3 OKUTHATHU kwalokhu okulandelayo:
- Izivunguvungu √/
- Iziphepho√/
- Umlilo√/
- Izikhukhula √ (3)

6.2.4 C√/Ukushaya eceleni.√ (1)

6.2.5 OKUKODWA kwalokhu:
- Ukuxhumana okuphambene√√/
- Okutshekile √√/
- Okuyinxemu/ okuyingxemu√√/ (2)

6.2.6 **Awupigogo** awunontandakubukwa√√ (2)

6.2.7 OKUKODWA kwalokhu:

Awudle ngazimanga namsindo
Awupigogo awunontandakubukwa.√√

noma

Ugadla ngeqiniso kuzwakale endodeni
Ubhubhise izizwe enhla nasezansi.√√ (2)

6.2.8 (a) Imisebenzi yakho emihle ikwazile ukuba ibe wusizo kwabanye abantu. √√ (2)

(b) Abanye abantu obakhombisile indlela bakwazile nabo ukuthi basizakale, babanolwazi futhi baba usizo. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)
[18]

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70